# USARS UCELA ABAKHOKHINTELA ABANGABAMELELI BAMATHRASTI UKUBA BABHALISELE AMATHRASTI INTELA YEMALINGENISO KANYE/NOMA BATHUMELE AMAFOMU EMININGWANE YENTELA ASILELE

**Tshwane, 27 kuNhlaba 2022 -** USARS uthanda ukweluleka abakhokhintela abangabameleli bamathrasti ngomsebenzi wabo wokubhalisela amathrasti intela yemalingeniso.

Amathrasti afakiwe kuncazelo yegama "umuntu" ngokoMthetho Wentela Yemalingeniso, 1962 (i-ITA), ngalokho-ke, abaphathi bamathrasti kanye nababakhokhintela abangabameleli banomthwalo wokubhalisela wonke amathrasti intela yemalingeniso. Amathrasti kudingeka ukuthi abhaliswe kubandakanya nawo wonke amathrasti akuleli, amathrasti angawona awezakhamizi aphathwa kuRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika nakumathrasti enza imalingeniso ngomthombo waseNingizimu Afrika (ngokuqondiswa okwengeziwe bheka Imibuzomvama kusizindalwazi sakwaSARS https://www.sars.gov.za/businesses-and-employers/trusts/).

Abakhokhintela abangabameleli bamathrasti bangabaphathi bamathrasti, kodwa umthwalo wokuthumela amafomu emininingwane yentela ungabekwa kumphathi othile wethrasti noma ungoti wezentela. USARS ufisa ukukhumbuza abaphatheli bamathrasti ukuthi kudingeka ukuthi baqinisekise ukuthi amafomu emininingwane yentela amathrasti ayathunyelwa. Okwamanje, amathrasti noma ngabe ayasebenza noma aqubile, kumele athumele amafomu entela yemalingeniso minyaka yonke ngokuhambisana nezidingo ezikhishwa minyaka yonke uKhomishana (njengokwesidingo sesigaba 66 se-ITA). Kunyaka wezi-2021 wokuhlola, isikhathi sokubuyisa amafomu emininingwane yentela samathrasti sivule mhla lu-1 kuNtulikazi 2021.

Abakhokhintela abamelele amathrasti bayakhunjuzwa ngokuthi lukhona uhlelo lokudalula ngokuzithandela i-Voluntary Disclosure Programme (VDP) uma kulandelwe izidingo zalokho, uma kwenzeka ukuthi ithrasti ayibhaliselwe intela yemalingeniso. Imininingwane ye-VDP iyatholakala kusizindalwazi sakwaSARS ku https://www.sars.gov.za/legal-counsel/voluntary-disclosure-programme-vdp/. Uma kwenzeka abakhokhintela abamelele bedinga olunye usizo, sicela baxhumane ne-VDP kule nombolo 0800 864 613 noma nge-imeyili ku vdp@sars.gov.za.

Abakhokhintela abamelele amathrasti noma abameleli babo bayelulekwa ukuba baqinisekise ukuthi wonke amafomu emininingwane yentela asilele ayathunyelwa ngaphandle kokubambezeleka ukugwema izinhlawulo nenzalo.

UKhomishana wakwaSARS, Edward Kieswetter uphinde waqinisekisa ukuzinikela kukaSARS ekuhlinzekeni ngengcaciso nesiqinisekiso kubakhokhintela ukuze bakwazi ukufeza izibophezelo zabo ngokomthetho kalula, kanti amathrasti angelinye lamathuluzi asetshenziswa abakhokhintela ngezindlela eziningi.

Lesi sitatimende asingeni endaweni yombhalo oyiwo wokuhlinzekelwa uMthetho weNtela Yemalingeniso, 1962, futhi asingeni endaweni yesiqondiso esikusizindalwazi

sakwaSARS. Abakhokhintela abadinga olunye usizo bangaya kusizindalwazi sethu ku- www.sars.gov.za.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za